



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2010

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.



IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|-------------|--|------|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye EKHASINI ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|-------------|----------------------|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |
7. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Abahlolwayo mabaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

| | |
|-------------|---|
| ISIQEPHU A: | (Izindaba) |
| | • Ubude bendaba |
| | Bhala amagama angama-340 kuya kwangama-390. |
| ISIQEPHU B: | (Umbhalo odlulisa imiyalezo) |
| | • Ubude bombhalo |
| | Bhala amagama ayi-100 kuya kwayi-120. |
| QAPHELA: | Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo . |
| ISIQEPHU C: | (Imibhalo emifishane enemiyalezo) |
| | • Ubude bombhalo |
| | Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100. |
| QAPHELA: | Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo. |



ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Qaphela: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka.

- 1.1 Kwakukuhle kudelile mhla kugcagca indodakazi kamalume. Omame babekikiza, abanye bememeza bethi: **Uyothi wabonani wemfazi ongazalanga!** Bhala indaba ngalesi sihloko. [50]

NOMA

- 1.2 'Ngisize Jehova kulezi zigebugu' Chaza imicabango eyayikufikela njengoba wawubanjwe yizigebugu zihamba nawe ibanga elide emotweni yakho. Nika indaba yakho isihloko. [50]

NOMA

- 1.3 **Abantu abasha bangabhekana kanjani nezingqinamba zokukhula ngesikhathi samanje.** Bhala indaba uveze ukuthi abantu abasha bangabhekana kanjani nalesi simo. Sebenzisa isihloko esibhalwe ngokugqamile. [50]

NOMA

- 1.4 Bangingi abantu abathi umhlaba usuzobhubha noma sekufike ekugcineni ngenxa yokwenzeka kwezinto emhlabeni jikelele. Bhala indaba uvume noma uphike ngalesi sitatimende. Nika indaba yakho isihloko esifanele. [50]

NOMA

- 1.5 **Ubuhle nobubi bokukhuliswa abazali abadla izambane likapondo.** Bhala indaba ngalesi sihloko. [50]

NOMA


- 1.6 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ngaso. Yinike isihloko indaba yakho.



[50]

NOMA

1.7 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ngalesi sihloko: **Ukuzinikela kuzala impumelelo.**



NOMA

1.8 Bukisisa uphinde ufundise lekhathuni engezansi bese ubhala indaba ezohambisana nayo. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.

Kuyashesha
Abafundi bamjabulele umholi lomusha womkhandlu wabafundi.

Kuzofanele azame ukuzalela amaqanda amaningi ngesikhathi esifushane.

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

- 2.1 UnguNobhala wenhlangano iMasakhane ebhekene nentuthuko endaweni yakini. Beninomhlangano wokuvala unyaka lapho benixoxa ngokusungula isikhungo sokufundela ukupheka ngonyaka ozayo. Bhala **i-ajenda** kanye **namaminithi** alo mhlango. [30]

NOMA

- 2.2 Bhalela umhleli wephaphandaba *iSolezwe incwadi* ubonge kumfundi weSolezwe owakutholisela imvulophi eyayinezitifiketi, incwadi yokushayela kanye nomazisi. [30]

NOMA

- 2.3 Kushone umalume wakho ongusaziwayo kwezamabhizinisi. Bhala **umlando** wakhe ngokugcwele uveze iqhaza negalelo abe nalo emphakathini. [30]

NOMA

- 2.4 Uphumelele kahle kakhulu ezifundweni zakho ngonyaka odlule emva kwezinkinga eziningi ohlangabezane nazo empilweni. Bhala **incwadi** ubonge kuthisha wakho obekuxhasa ngaso sonke isikhathi. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 3.1 Uyisekela likaMqondisi enkampanini yakwa-Coca Cola. UMqondisi wale nkampani uthathe uhambo lokuya emhlanganweni ozothatha isonto lonke. Ube esekushiya nemiyalelo ethile ukuze inkampani ihambe kahle. Bhala le **miyalelo** ungakohlwa ukunika izizathu zayo. [20]

NOMA

- 3.2 Bhala **ifeksi** ozoyithumela kuthishanhloko wakho esikoleni ofunda kuso lapho umazisa khona ngokungaphumeleli kwakho ukuza esikoleni iviki lonke. Mtshale zonke izinkinga zasekhaya ezibe yimbangela yalokhu. [20]

NOMA

- 3.3 UnguMqondisi wesikole sezamakhono eSiyafunda College elekelela abafundi abangaphumelelanga kahle kumatikuletsheni kanye nokubacija ekhonweni lokusebenzisa ikhompyutha. Bhala **isikhangisi** esizokwazisa abanothando lokufunda kulesi sikole. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**AMAMAKI ESEWONKE: 100**